

# Kubanjwe kwashatshaliswa ugwayi ongekho emthethweni olinganiselwa kuzigidi zamarandi

**Tshwane, 11 kuNhlanguvana 2021** – Izisebenzi zoMnyango wokuThelisa oPhikweni lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) ziphumelele kuleli sonto emizamweni yokulwa nokuhweba kogwayi ongekho emthethweni ngesikhathi benza umsebenzi wokuphenya babophe emadolobheni amathathu emngceleni waseKopfontein.

EKempton Park, ePretoria naseJohannesburg, kugaselwe ezitolo ezingama-22 kwathathwa ugwayi ongekho emthethweni wenani elingu-R2,4-million. Lona bekuwumsebenzi wokubambisana phakathi koMnyango wokuThelisa wakwaSARS, uMnyango wamaPhoyisa, uMnyango weziNdaba zaseKhaya kanye ne-Metro Police eGauteng.

Emngceleni i-Kopfontein, izisebenzi zoMnyango wokuThelisa zihlole iloli, ebifike ivela eBotswana, zathola amagumbi okufihla angewona awangempela amathathu. Amagumbi okufihla abelayishwe amakesi amakhulu angama-355 anogwayi ongekho emthethweni, wenani elingaphezulu kuka-R5.5-million. Iloli kanye nogwayi kube sekuvalelwa ukuze kuqhutshekwe nophenyo.

EBeitbridge, izisebenzi zoMnyango wokuThelisa zese kwa yi-SAPS kanye ne-South African National Defence Force baqale ukushabalalisa ugwayi ongekho emthethweni kulokhu ababekubambe ngaphambilini kwenani elingaphezulu kwe-R30-million endlini yombuso egcina izimpahla, kanti kuhlelwe ukuthi kuzoshatshaliswa omunye ugwayi ongekho emthethweni okuhlelwe ukuba kwenzeke ePretoria emasontweni amabili azayo.

Ngenxa yomthamo wogwayi ongekho emthethweni, ukushatshaliswa okuzokwenziwa eBeitbridge kuzokwenzeka ezinsukwini ezimbalwa. Umshini osetshenziswa abakwa-SARS, ushabalalisa ugwayi ngendlela engasiyo ingozi kwezemvelo bese kuthi ugwayi osuke usuyimvuthu ugqitshwa endaweni yokulahla izibi.

UKhomishana wakwa-SARS u-Edward Kieswetter uthi ukubanjwa nokushatshaliswa kogwayi ongekho emthethweni bekuwuphawu olusemqoka lokubonisa ukuthi uhulumeni uzinikele ekusiphuleni nezimpande umkhuba wokuhweba okungekho emthethweni ngezimpahla ezifana nogwayi, izimpahla zokugqoka nezindwangu, izimoto ezingamasekeni kanye nensimbi elahliwe, phakathi kokunye.

“Yize sithokozile ngale mpumelelo, sisasalelwe umsebenzi omkhulu wokubhekana nalesi sikhulu sendlela yokuziphatha enobugebengu, esiphazamisa umnotho wethu wasekhaya, sikhukhuluze intela siphinde sishabalalise amathuba omsebenzi. UKhomishana wengeze ngokuthi, "Sibuye sikhathazwe ukungabikho kwenhlalayenza uma kuza emigomweni ebekiwe nakumiphumela kwezempilo kanye nobunye

ubungozi abathengi ababhekene nabo ngenxa yezimpahla ezingekho emthethweni nokuhweba ngazo.”

Indlela efaka yonke iminyango kahulumeni iyona esetshenziswayo ukulwa nomnotho ongemthetho ngokubambisana nababambiqhaza abasembonini ezimele. Umnotho ongemthetho ubangela ukulahleka kwemisebenzi, ukuvalwa kwezimboni, ubanga izinkinga zezempilo emphakathini, izinkinga zokuphepha kwezokuthutha kanye nokulahleka kwezimpilo zabantu.

*“Sicela ukuba bonke abathengi baqaphele futhi bagweme ukulingwa amanani aphansi abekwa kulezi zinto okwesikhashana, babheke umthelela wesikhathi eside lezi zinto ezizoba nawo kubo nasemphakathini wonkana.”*

“Ngokomyalelo wethu ngokomthetho, uSARS uzimisele ukwenza kube nzima futhi kumbe eqolo kunoma ubani ongathobeli izibophezelo zakhe zentela nezoMnyango wokuThelisa. Ukungathobeli kwabantu kubangela ukuphunza kwemali engenayo lokhu isizwe esingekke sikwazi ukumelana nakho kulesi sikhathi.

“Imali eqoqwa uSARS ibalulekile ngoba yenza uhulumeni akwazi ukuhlinzeka ngezidingongqangi kubantu namakhaya ahlwempu, okufana nezibonelelo zikadekle, kanjalo nokunakekelwa kwezokwelashwa kwabantu abahlukunyezwe yilolu bhuhane lwe-Covid-19,” kusho uKhomishana.

Izisebenzi zoMnyango wokuThelisa zinyuse igiya ngokubamba okujabulisayo kuleli sonto elidlule, kubandakanya lokhu okulandelayo:

- NgoLwesithathu mhla ziyi-9 kuNhlangulana, izisebenzi zasesikhumulweni sezindiza e-OR Tambo International Airport (ORTIA) zithole isidakamizwa i-Crystal Methamphetamine yesisindo esingu-80kg yenani elilinganiselwa ku-R24m. Lesi sidakamizwa i-crystal meth sasifihlwe empahleni ebidalulwe ngokuthi "yizinto zokuthunga" ilibangise kwa-Israeli inqamula e-Istanbul. Icala ladluliselwa eMnyangweni wamaPhoyisa wamaCala abekwa eqhulwini ngokuphenywa i-SAPS' Directorate for Priority Crime Investigation (DPCI).
- Khona futhi mhla ziyi-9 kuNhlangulana, izisebenzi ezazihlola endaweni yezimpahla e-ORTIA zathola imishanguzo eyizikhuthazi zocansi, ezilinganiselwa cishe ku-R45 220 000.00, nayo eyayingadalulwanga ngendlela efanele. Izimpahla zabe sezidluliselwa emaPhoyiseni ukuze kuqhutshekwe nophenyo.
- Mhla zi-3 kuNhlangulana, izisebenzi zoMnyango wokuThelisa kanye namalungu e-Directorate of Priority Crime Investigation (DPCI) bebehlola izimpahla ezisolisayo ezafika e-ORTIA zisuka eKenya ngesikhathi zibanjwa zigoqwe ngefoyili zase zifihlwa kuziqukathi. Emva kokuhlolwa, kwahlonzwa ukuthi yinto le esetshenziswa uma kukhiqizwa izidakamizwa ezaziwa nge-Mandrax. Isakhi lesi esinenani elilinganiselwa ku-R105.4m, besingaholela ekukhiqizweni kwezidakamizwa ezingamaphilis e-Mandrax ayi-1 700 000. Izimpahla zabe sezidluliselwa emaPhoyiseni ukuze kuqhutshekwe nophenyo.